# ABAHAMBI

## Yini Entsha?

**24 kuNhlaba 2018 - Okuyizidingo zentela yeMpahla engenayo nephumayo kubahambi baseNingizimu Afrika**

UMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo unomthwalo wokuvikela imingcele yaseNingizimu Afrika ukuze abahambi nabasebenzi abanezimpahla ezisemthethweni bezokwazi ukudlula ngokukhululeka. Lokhu sikwenza ngokusebenzisa ubuchwepheshe obuhamba phambili bokulawula ubungozi kanye nokuhlolwa kwentela yempahla engenayo nephumayo okwenziwa abasebenzi bethu olwandle, phansi nasesikhumulweni sezindiza.

Emva kokudlula eMnyangweni wezaseKhaya, bonke abahambi kanjalo nabasebenzi badlula eMnyangweni weNtela yeMpahla engenayo nephumayo lapho bedalula khona izimpahla okungadingeka ukuba zikhokhe intela uma kwenzeka kukhona okudingeka ukuthi bakudalule. Umhambi kumele akhokhe intela ehlolwe uMsebenzi woMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo, uma ikhona, kuMlawuli / uMphathi weGatsha.

Umuntu kumele agcwalise iKhadi loMhambi (TC-01):

Uma efika eNingizimu Afrika, umuntu kumele adalule naziphi izimpahla:

- Azithenge noma azithole phesheya ezingakhokhelwanga intela;
- ezilungiswe kabusha, zenziwa ngendlela ethile noma zalungiswa phesheya;
- Ezingavunyelwe, ezithitshelwe umthetho noma ezilawulwa ngaphansi kwanoma imuphi umthetho;
- eziphinda zingeniswa ezweni izakhamizi zaseNingizimu Afrika ezibuya emazweni angaphandle owayezibhalisile lezo zimpahla ngenkathi zihamba eNingizimu Afrika; noma
- Ezingeniswe ezweni okwesikhashana abantu okungebona abaseNingizimu Afrika bengena nazo eNingizimu Afrika ngenhloso yokuphuma nazo ezweni zisesimweni esifanayo nalesi ezaziyiso uma zihamba eNingizimu Afrika.

Noma ubani ohambayo eNingizimu Afrika kumele azidalule izimpahla afuna ukuziphatha eqe nazo imingcele yaseNingizimu Afrika ngaphambi kokuthi aphume eNingizimu Afrika, kubandakanya izimpahla:

- Oziphathele omunye umuntu;
- Eziyolungiswa kabusha, zenziwe ngendlela ethile noma zilungiswe phesheya;
- Ezingavunyelwe, ezithitshelwe umthetho noma ezilawulwa ngaphansi kwanoma imuphi umthetho;
- Ezingeniswe ezweni okwesikhashana abantu okungebona abaseNingizimu Afrika ngenhloso yokuzisebenzisa ngenkathi behleli eNingizimu Afrika.

Namuphi umuntu ophethe okuthile kumele adlule emgudwini wokungavumelekile (emgudwini obomvu) akudalule lokho:

- Izimpahla ezingavunyelwe kanye / noma ezithitshelwe umthetho;
- Naziphi izimpahla ezihloselwe ukuhweba; noma
- Nayiphi imali yangaphandle, izinhlamvu ze-Kruger Rand noma imali engamaphepha yaseNingizimu Afrika evile emigomweni yokushintshanisa ngemali ebekiwe,
  Naziphi izimpahla ezingaphezulu kwezivunyelwe azikwazi ukufakwa ngaphansi kwalokhu okungatheliswa/okungakhokhiswa ntela;
- Naziphi izimpahla zenani elikhulu ezidinga ukuba zibhaliswe ngoba zizongena noma zizophuma okwesikhashana eNingizimu Afrika.

Umuntu angadlulela emgudwini ovumelekile (emgudwini OLUHLAZA) uma:

- kungekho azokudalule;
- ephethe izimpahla ezingena kwezivunyelwe ukufakwa ngaphansi kwalokhu okungatheliswa/okungakhokhiswa ntela;noma
- uma engaphethe lutho olungavumelekile, oluthitshelwe umthetho noma izimpahla ezilawulwayo, izipho eziphathelwe abanye abantu (lezo ezithunyelwa umuntu ophesheya ethumelela umuntu oseNingizimu Afrika), noma izinto zokudayiswa (ngenhloso yokuhweba).

UMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo ungamisa uhlole umuntu noma izimpahla zakhe kule migudu ngenhloso yokuthola ukuthi umuntu ukuthobele yini okuhlinzekelwa iSigaba 15 soMthetho weNtela yeMpahla engenayo

nephumayo. Umsebenzi woMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo noma kunini, angagqekeza izingidi ezifase izimpahla uma izikhiye zalapho zingakhishwa uma zifuneka. Umuntu angeke asithole isinxephezelo uma kwenzeka kulahleka noma kulimala izimpahla ngesenzo soMsebenzi woMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo.

Umsebenzi woMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo angahlola izimpahla ezingaphelezeliwe yize bengekho labo abamele imoto ezihamba ngayo noma i-ejenti yakhe uma kuzanywe kwahluleka yonke imizamo yokuthola ukuthi ukuphi lowo ommele imoto ezihamba ngayo noma i-ejenti yakhe ahlole ukuze athole ukuthi okuhlinzekelwa uMthetho weNtela yeMpahla engenayo nephumayo kanye nentela eQoqwayo noma namuphi umthetho uthotshelwe na,  wezimpahla ezingaphelezelwe noma omele isithuthi noma i-ejenti yakhe.

Uma umuntu ehlulekile ukudalula izimpahla aziphethe noma kutholakale ukuthi uzidalule ngendlela okungeyona ngesikhathi sokuhlolwa kwezimpahla, uMsebenzi woMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo angazibopha izimpahla ukuze kuqhutshekwe nokungenelelwa (isib. Ubufakazi bokushushiswa kwecala) noma umasebenzi afake idiphozithi yokwephulwa kokuhlinzekelwa isiGaba 15 okungase kube khona, isib. Ukuhluleka ukudalula izimpahla ezidlula lokhu okuvunyelwe ukungatheliswa (DFA).

Naziphi izimpahla ezingavunyelwe noma ezithitshelwe umthetho noma imali eyevile kwevunyelwe okuboshwe uMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo zizonikwa uphiko lukaHulumeni ukuze kuqhutshekwe nokungenelela.

Abahambi noma abasebenzi bayacelwa ukuba bayiphendule yonke nangokwethembeka imibuzo abayibuzwa uMsebenzi woMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo ngoba uma kukhona izinsolo zokuthi kukhona icala elenziwe ngokoMthetho, umsebenzi esimweni esinjalo angacela umhambi noma umsebenzi ukuthi bakhiphe futhi bavule izimpahla lezo ezingaphelezelwe ukuze zihlolwe (isib. Kusetshenziswe i-X-ray scanner noma naziphi ezinye izindlela ezingavuli noma ezingaqhaqhi izimpahla.

**Sicela uqaphele**: Kunezikhathi esikhumulweni sezindiza lapho ZONKE izimpahla ezisuka ebhanoyini elithile (eziphelezelwe/ezingaphelezelwe) zihlolwa emshinini ukubheka ubungozi. Lokhu kuhlola ngomshini akubhekisiwe ebungozini obuvela emibuzweni noma ezimpendulweni okubuzwa noma okuphendulwa umgibeli kodwa kusuke kulandelwa uhlelo oluvamile nolujwayelekile. Lokhu kwenziwa ngokungalandeli uhlelo oluthile njengohlelo lobungozi obuphezulu. Oluzisisezelayo. Sekukhona umkhuba osuvamile kubahambi abahamba ngebhizinisi, lapho abahambi bethenga izimpahla ngenhloso yokuhweba bese zingabhaliswa njengezimpahla ezingeniswe ezweni Kanye/noma zingadalulwa ngezindlela zokubika impahla zakwa-SARS. Uma kwenzeka lokhu, leyo mpahla ingahlolwa ngokugcwele ngaphambi kokuthi ziboshwe bese zidluliswa njengezimpahla zokuhweba kuqoqwe i-VAT nentela efanele.

## Inkokhelo

Izinkokhelo zanoma iyiphi intela, amadiphozithi noma izinhlawulo okumele zikhokhwe eMnyangweni weNtela yeMpahla engenayo nephumayo zingaba ukheshi, ngekhadi lesikweletu noma ngesheke lomhambi.
Umuntu angakhetha kokubili (2) kokwenza inkokhelo eMnyangweni weNtela yeMpahla engenayo nephumayo:
a) Ukukhetha ukuKhokha Manje; noma
b) Ukukhetha ukuKhokha Emva kwesikhashana. Uma umuntu ekhetha lokhu, izimpahla okukhulunywa ngazo zingaboshwa uMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo uma nje bungakabi khona ubufakazi bokuthi zikhokhelwe ezinsukwini ezingamashumi amathathu (30).

## Imali eyevile/eningi

Imali eyevile/eningi inani elevile ku-R25 000 noma nayiphi imali yamazwe angaphandle ethi uma iguquliwe yaba amarandiidlule inani elingu-R25 000. Abahambi kumele bathole imvume kuMgcinimafa kaZwelonke ngaphambi kokungena/ukuphuma eNingizimu Afrika nemali eningi futhi kumele, uma bebuya/behamba, bayidalule le mali eKhadini loMhambi (TC-01).  Imali okumele idalulwe imali yaseNingizimu Afrika engamaphepha kanye nemali yamazwe angaphandle, kanjalo nemali engamaphepha yaseNingizimu Afrika, igolide kanye nemali yamazwe angaphande uma uhamba. Ulwazi olwengeziwe ngokudalula kwabahambi luyatholakala kuSiqondiso sangaphandle seNqubomgomo yokudluliswa kwabaHambi i-Traveller Processing Policy External Directive

Abasebenzi abangabafuduki ababuyela emazweni akhelene nathi bavumelekile ukuhamba nemali ethile engaba amaRandi engamaphepha ewumholo wabo abawuhola eNingizimu Afrika.

Imithethonqubo yemali eyevile isebenza kubantu abangena noma abaphuma endaweni esebenzisa lolo hlobo lwemali (Common Monetory Area). I-Botswana ayiyona ingxenye ye-CMA, ngakho-ke okuyizidingo zokuLawulwa kokuShintshana kwemali kwabahambi abangekhoku-CMA abangena noma abaphuma eNingizimu Afrika ikona okusebenzayo.

Ngolwazi olwengeziwe mayelana nentela nokufuduka ungabheka lelinki yeNtela nokuFuduka i-Tax and emigration.